# UKUBANDAKANYWA NOKRISTU

Ngiyabonga, kakhulu. Ngijabula kakhulu ngokubuya, eGameni leNkosi. Ngithe nje ukusha izwi kancane, okokuqala, kodwa iNkosi ingivumela ukuba ngingene egiyeni lesibili, emva kwesikhashana. Ngakho, kade ngikhuluma kakhulu ngaleliviki, emhlanganweni. Futhi kube nenqwaba yemibuzo efanele ukuphendulwa. Bese-ke siphuma endlini, kushisa. Futhi ku. . . Anginawo umkhuhlane omubi. Futhi angibuzwanga neze ubungcono, empilweni yami. Ngakho, nje ngizizwa ngikahle, kodwa umphimbo wami utheliswe ngokwedlulele. Futhi uzoba ngcono. Ngakho ngifuna ukunibonga nonke ngamunye, ngakho konke lokho enikwenzile.

2 Ngizame ukuthola. . . Lapho ngishayela ngenyuka, emizuzwini embalwa edlule, uBilly nabanye babo ubengaphandle, ezama ukuthola umndeni omncane obuwehlile futhi wephukelwa, futhi awangakwazi ukubuyela emuva. Uma besekhona endlini, ngifisa abanye. . . bengaphakamisa isandla sabo, noma okuthize. Be—bengifuna okuthize kulokho, qobo lwami. Futhi ngakho umndeni omncane ongowaseMichigan, noma ndawo ndawo, o—ophelelwe wupetroli noma okuthize, noma yimali. Uma ni—uma nisekhona lapha edolobheni. . . Uma nibabona emva komhlangano, bedluliseni ngasendlini yami. Niyabo? Ngifuna okuthize kulokho. Yilokho—yilokho engi—yilokho esikukhonela lapha, ngukunikeza isandla esisizayo, noma ubani esingamsiza. Ngakho, manje, iNkosi uJesu isibusise, umkhuleko wethu.

3 Manje, leli bekuyiviki elingejwayelekile, futhi sibe nezinto ezingejwayelekile. Kodwa ngizothi angikaze ngisibone isikhathi uMoya oNgcwele osewake wahamba ngokukhululeka okwedlula Okwenze ngaleliviki, enkonzweni, bekuyisimangaliso ngokuphelele nje kimi. Futhi ngesikhathi sasebusuku uma ngingena, mhlawumbe ngelokuqala nqo ekuseni ngaphambi kokuba ngiyolala. Nje ngiyajabula ngemicabango yeNkosi uJesu ngokuthi ibe yinhle kangaka kithi. Futhi manje ngi. . .

4 Noma yimuphi kini bantu ongowakhona lapha, edolobheni, noma abakhelene khona lapha, ongakabinalo ikhaya okwamanje, ibandla lasekhaya, wemukelekile lapha, ukuba uze noma ngasiphi isikhathi futhi wenze leli kube yikhaya lakho. Khumbulani, asinabulungu lapha, nje ukuhlanganyela nabo bonke. "Asinabo," njengoba uHoward Cadle wayevamise ukuthi, "akukho-mthetho kodwa uthando; akukho-sivumokholo kodwa uKristu; akukho-ncwadi kodwa yiBhayibheli." Futhi ngakho nemukelekile njalo kulelitabernakele elincane.

Okungukuthi, silindele, uma iNkosi ithanda, masinya nje uma sesikwazi, ukuba sakhe indlu yokukhonzela engcono, indawo enkulu ngokuthe xaxa—xaxa. Hhayi enkulu kakhulu, ngokuba sikholwa ukuthi uJesu uzofika masinyane, futhi asifuni-nto elungisiswe kakhulu. Sifuna into nje . . . Lena isifuna ukuwela ngaphakathi. Iwenzile umsebenzi wayo, futhi sibonga kakhulu ngayo.

Angisoze ngakhohlwa. Khona lapho okumi khona lelipulpiti manje, cishe eminyakeni engamashumi amabili nento eyedlula, ngaguqa echibini elidala, ukhula lwamahhashi lwedlula ikhanda lami. NeNkosi yathi, "Yakha indlu yakho yokukhonzela lapha." Esizeni esincane, esasiyela kwabakwa-Ingram futhi sasithola ngamadola ayikhulu namashumi ayisithupha, uma sasizosigcwalisa. Leli kwakuyichibi elino-ayisi lapho sonke esasishishiliza khona.

5 UMfowethu Jess Spencer ufanele ukukhumbula, lokhu kwakuyichibi phakathi lapha, yena noDadewethu Spencer. Ngiqagele uyakukhumbula. Babevamise ukwenyusa amathimu, futhi bashayele bazungeze *ngapha,* ukubalekela ukungena echibini.

Ngangisengumfanyana ngapha esiKoleni iIngramville. Leli kwakuyichibi; siphume lapha sishishilize ku-ayisi, futhi—futhi sidlale ukukotela emthini nakho konke okunye, echibini. Mfowethu Mike, uyakhumbula lapho kwakuyichibi. [UMfowethu Mike uthi, "Yebo."—Umhl.] Yebo, mnumzane. Mfowethu Roy, emuva lapho.

Futhi manje, lapho okwakumi khona ichibi, sinengxenye yalo nje esele, lokho kusemva kwa*lapha* nje. Yilapho esibhaphathiza khona abantu emanzini kukho ukuthethelelwa kwesono sabo. Futhi manje le . . .

6 Niyazi, uma wehlisa umbuzo, nalapho o—onokuthize ofuna ukukwethula, futhi kuyinkinga ngoba unezethameli ezixubile. Abantu bafundiswe ngendlela eyodwa noma enye. Kodwa uma ungachaza into, ngisho nephambene nalokho akade befundiswa khona, nobumnandi bomoya wabo bugeleza bubuye, lokho ngukumesaba uNkulunkulu, kimi.

Angifuni kunikeza-gama elithize. Kodwa u—udokotela othize, owangaphandle kwedolobha, uhlangane nami nje ekamelweni phakathi lapho; udokotela wezokwelapha, ngiyethemba. Futhi, wathi, iminyaka ubethe nje ukuhileleka kulokho. Wafunda incwadi eyabhalwayo mayelana nakho, ephambene nalokho engangikufundisa. Kodwa, wathi, njengalokhu kade ehlezi emhlanganweni, futhi wabona amaqiniso omBhalo ebekwa, kuxazululeke phakade.

7 Esikhashaneni esedlule, ngidibane endlini, nabanye abantu abavela ngaphandle kwedolobha, abavela e-Illinois. Futhi bekukhona cishe abefundisi abane, abefundisi abathathu

noma abane. Futhi bathi, “Mfowethu Branham, sifundise okuphambene, yonke impilo yethu, kodwa siyawubamba umbono manje futhi siyabona ukuthi yini ngempela iQiniso. Besimangala ukuthi bekuyini.” Niyabo? Futhi manje, lokho, niyabo, yilokho manje esi . . .

8 Kuyikho nje, mfowethu, ungacabangi ukuthi lokho kululaza noma yiliphi ibandla noma yibaphi abantu. Lokho kuphakamisa iBandla kuphela. Niyabo? Bese-ke, ndawonye, sifanele sime. Sifanele sime ndawonye. Uma labo . . .

Ngenkathi uNkulunkulu ezicaza Yena ePentekoste, ephula iNsika yoMlilo iba ngezincane, izinsika zoMlilo ezincanyana, wase ehamba elenga phezu kwabantu, noMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo. Uma uNkulunkulu azicaza Yena phakathi kwethu, ngaso sonke isikhathi uma oyedwa ezenezela yena kithi, lokho kwanda kakhulu ngakuleyoNsika, ngaso sonke isikhathi. Futhi sindawonye, uma konke sekuyiBandla likaNkulunkulu elikhulu elihlengiwe, lidonswa libe ndawonye, siyothatha uhambo sidabule isibhakabhaka, nje kuyikho ngempela njenganoma yini.

9 Angikaze ngizame ukwehlukanisa noma ngihlwanyele ukungezwani phakathi kwabazalwane. Ngizame konke okusemandleni ami ukuba nje ngibe nomusa ngakho konke engingakwenza, ukuba ngiqonde. Futhi—futhi amanye amadoda, uma e . . . amabandla axhasa umhlangano wami. Ngakho uma e . . . Ahlukile elinye nelinye, kodwa ayangithanda, futhi ayoyixhasa imihlangano yami. Futhi ngiyongena phakathi kwabantu babo, impela ngeke ngasho nokukodwa. U—umnumzane ohloniphekile ngeke akwenza lokho, kungasaphathwa umKristu. Impela ngeke.

Bese kuthi-ke uma kwenzeka ngiba nemihlangano yamathende; engicabanga ukukwenza, iNkosi ithanda, ngolunye usuku. Khona-ke ngi—ngiyo, ngaphambi kokuba ngifundise noma yini eyalezizifundiso, kuqala kuzoba yizinkonzo zasekuseni nabelusi, izinsuku eziningana, ngibazise ukuthi yini engilungiselela ukuyifundisa. Bese kuthi-ke uma lowo mfowethu engakuboni futhi engavumelani, noma yimuphi umfowethu, khona-ke mabathathe ibandla labo, bathi, “Manje, angifuni nizwe lokhu. Sizo-ke sithi ukudeda kancane ngenkathi besafundisa Lokho.” Niyabo? Futhi banikwe ilungelo. Sifuna njalo ukuba nokuzwana noNkulunkulu nabantwana baKhe, nawo wonke umuntu.

10 Ngakho, manje, nginombuzo okufanele ngiwuphendule kulobubusuku, iNkosi ithanda. Futhi ngicabange ukuthi mhlawumbe ngizowuphendula lombuzo, ngaphambili nje. Bengicabanga ukuthi benginomunye lapha, kodwa bekuyiphupho elinikezwe ngomunye, futhi efune ngikhulekele phezu kwalo futhi nginikeze incazelo. Okungukuthi, iNkosi

ibenomusa kakhulu kithi, ukwenza lokho, isikhathi esiningi kakhulu.

11 Manje, sifuna nazi, ngaphambi kokuba siqale enkonzweni, ukuthi nonke nimenywa ngenhliziyo emhlophe ukuba nibuye kuyoyonke imihlangano, ngaso sonke isikhathi esiba nawo owodwa. Futhi abavela eLouisville, abavela ngaphandle kwedolobha, abavela edolobheni nasemaphethelweni; laba befundisi abahle; umfowethu ovela eSellersburg; abaculi; lelo nenekazi, noma belingubani, licula khona lapha, esikhashaneni esedlule, nomfo omncane. Nje siyanibonga, kakhulu impela. Be—bengikhuluma nabanye abazalwane ngemuva lapho, futhi angitholanga ngisho ithuba lokubona ukuthi bekungubani, nokuthi bekuyini, kodwa impela ngikuzwile. Futhi bekumnandi, futhi ngempela ngiyawuthakasela lowo mzamo. Manje sizo . . .

12 Kungilahlekele lokhu izolo ebusuku. Indodana yami ikufake ephaketheni lami. Umuntu othize oyigugu ubekubhalile. Futhi manje khumbulani, lemibuzo ayifanele ukwehluka. Ngezinye izikhathi, mhlawumbe, ngenkathi bebhala, bezwakala sengathi behlukile, kodwa yinhliziyo eqotho izama ukuthola. Niyabo? Yileyondlela esisondela ngayo njalo kukho, omunye umuntu oqotho ngempela uzama ukuthola ukuthi yikuphi okuqinisile.

13 Manje, lapha ngesinye isikhathi esedlule, ngangisezansi ekhaya, nginomhlangano womkhuleko. NoMfowethu Junior Jackson, ngimzwile esikhashaneni esedlule, noma bengicabanga ukuthi ngimzwile, wayenami. Futhi wayeseqedile ukukhuluma. Futhi kwakukhona umfundisi wakwelinye ibandla. Futhi kwakungengaphezulu cishe ngisanda kwehlela kwiphansi, wagxuma wabheka phezulu wase eqala, efuna ukuqophisana nami. Awu, lapho kwenzeka ukuthi kubekhona abefundisi abahlanu lapho, futhi bonke babezokhwela phezu kwayo indoda khona manjalo. Ngathi, "Qhabo. Ningakwenzi lokho. Manje, ya—yangiphosela inselelo, ngakho makube yiyo nami sikuxoxe."

Awu, yayisiqala, "Sikhuluma lapho iBhayibheli likhuluma khona; sithule lapho Lithula khona," njalonjalo. Futhi baya kude. Futhi nje emizuzwaneni embalwa . . . Ngangilokhu ngimaka phansi imiBhalo eyayiyicaphuna ngokungesikho, iyibeka ngokungesikho. Yathi, "Kwakungekho kodwa—kwakungekho kodwa abantu abayishumi nambili kuphela abake bemukela uMoya oNgcwele. Labo kwakungababaphostoli. Futhi ukuphilisa kukaNkulunkulu kwanikwa labo abayishumi nambili kuphela," njalonjalo. Ngakho, niyabo, yawugeja nje umaka, ngamamayela ayisigidi. Ngakho emva kwe . . . emva kokuba ngi . . . Emva cishe kwengxenye yehora ekhuluma, ngambuza . . . Futhi wathi ngangingudeveli.

14 Futhi ngakho-ke, emva kokuba isiqedile ukukhuluma, ngathi, "Manje, into yokuqala engifuna ukuyisho, mfowethu, ngiyakuthethelela ngalokho, ngoba ubungakuqondile lokho.

Ngiyazi ubungakuqondile. Ngokuba, uma ungumfundisi nami ngingumfundisi, sifanele sibe abazalwane." Niyabo? Ngase ngithi-ke, "Manje, ukungaqondani omunye nomunye, emBhalweni, kungenye into ehlukile."

15 Ngakho-ke siqala ukuthatha umBhalo. Nomfo ndini walahleka kakhulu, ngomzuzu, wayengazi ukuthi uzoma kuphi noma enzenjani. Kwase-ke, wabopheka ngqi, wayengazi ukuthi uzokwenzenjani. Futhi yena, ngenkathi ephuma endlini, nokho, ngalobobusuku, wathi, "Ngizosho into eyodwa, Mfowethu Branham. UnoMoya kaKristu." Niyabo?

Futhi ngacabanga, "'Udeveli.' emizuzwini embalwa edlule, futhi manje 'uMoya kaKristu.'" Yindlela kuphela okuqhamukela ngayo. Yilokho kuphela. UKristu wayengaqophisani.

16 Manje—manje, indoda, ngenxa yokuthi yenza lokho, izinto ezesabekayo zenzeka kuyo; yacishe impela yalahlekelwa wumqondo wayo. Isesikhungweni noma okuthize, yagxuma yaphuma ngewindi, futhi yacishe yazibulala impela. Futhi manje isibuya iza kwabanye abangane abalungileyo bami. Ifuna, nsuku zonke, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ifuna ukukhuphukela endlini yami, ukuba ibekwe izandla, ukuba yemukele uMoya oNgcwele; umshumayeli webandla lehlelo elikhulu. Niyabo?

17 Ngakho, ngobuqotho benhliziyo siphendula imibuzo, ngakho konke esikwaziyo ukuthi kuphendulwa kanjani.

18 Futhi manje ngizofunda lombuzo, ubhalwe kahle.

**1. Mfowethu Branham, ungake uchaze ukuthi kungani abantu eZenzweni 2:4 bakhuluma ngezinye izilimi noma izilwimi, ngisho phambi kokuba kuhlangane isixuku eZenzweni 2:6 na?**

Lowo ngumbuzo wokuqala. Yebo. Ngumuntu ofanayo, ngiyethemba, futhi. Yebo, ngumuntu ofanayo.

19 Awu, manje, uma uzoqaphela, mfowethu, dadewethu, noma ngabe ubani owawubhalayo. Azange usho lutho mayelana nabo behla esitezi esiphezulu, besuka esitezi esiphezulu. Nezethameli zazingekho esitezi esiphezulu. Kodwa ngenkathi behlela emagcekeni lapho isixuku sasibuthene khona, yingaleyonkathi-ke ababezwa ngayo bekhuluma ngezilimi. Niyabo? Niyabo?

20 Manje, ubungathi, "Awu, bakhuluma phezulu lapho."

Futhi uma kwakuyinkulumo-mpikiswano noma ukuqophisana, ubuyoba nalo impela ilungelo lokuthi, "Abakhulumanga baze behlela lapha, ngoba, 'Kwathi kuzwakele lowomdumo.'" Niyabo?

Manje, enye into lapha, ihambisana nakho ngqo.

**2. Ungake uchaze ukuthi wazi kanjani uSimoni ukuthi uMoya oNgcwele wawuphiwe eZenzweni 8:18 na? Lokho kuseSamariya.**

21 Awu, kukhona into eyodwa, wayengazi ukuthi babenoMoya oNgcwele ngenxa yokukhuluma ngezilimi, noma iBhayibheli alizange lisho ukuthi bakwenza. Babebone imiphumela nje. Akekho ongemukela uMoya oNgcwele kungekho lutho okwenzekayo kubo. Kunjalo. Kodwa akushongo ukuthi bakhuluma ngezilimi lapho, ngakho kufanele ukuthi kwakungenye into ayibona ngaphandle kokukhuluma ngezilimi, ngoba akuzange kukuphathe ukuthi bakhuluma ngolimi.

**3. Futhi chaza ukuthi sazi kanjani ngabanye abantu ngoSuku lwePentekoste abakhuluma isiGalile.**

22 Ingxenye enkulu kunazo zonke yabo babengabaseGalile. Futhi bonke . . . Manje, njengoba ngishilo kulokhu ukusa . . . Manje, kukhona izinto ezimbili, izigaba ezimbili. Manje, ngizothatha uhlangothi abantu ababekhuluma khona ngezilimi; abantu bengakhulumi ngezilimi, kodwa ngezilwimi, ngenkathi bephuma ekamelweni eliphezulu futhi baqala ukudibana nabantu. Kodwa uma uzofunda umBhalo, lalesisani manje.

> . . . *bonke laba* abakhulumayo *abasibo* abaseGalile na?
>
> *Yini pho ukuba sonke ngabanye sizwe—sizwe ngolimi lwakithi, esazalwa nalo na?*
>
> . . . *bonke laba* okhulumayo *abasibo* abaseGalile na?

23 Bangahle ukuba babekhuluma isiGalile, kodwa babebezwa ngolunye ulwimi. Kungahle ukuba babekhuluma olunye ulwimi, ulwimi lwakubo. Okunye kwakho, kwakungeke kube nandaba; kusalokhu kungakawenzi umqondo wamaPentecostal ube kahle. Niyabo? Imbangela . . . Lalelani. Nakhu ukuthi kungani. Kungesikho ukusho into ethize eyehlukile, kodwa nje ukwenza iqiniso liqonde. Uma uqaphela, wasukumelani pho uPetru futhi wakhuluma esixukwini sonke, futhi bonke bamuzwa ngolwimi ayekhuluma ngalo. Ngokuba, izinkulungwane ezintathu zaphenduka, zamaJuda okuqina ayeqine ngqi enkolweni yawo njengoba ayengaba njalo. Kodwa kufanele ukuthi ayemile, aqonda onke amazwi, kaPetru eshumayela ngabaprofethi, njalonjalo, ekhuphukela ePentekoste. Ngokuba bamemeza kakhulu, base bethi, "Madoda bazalwane, singenzenjani ukuze sisindiswe na?"

UPetru wathi, "Phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono senu."

24 Manje ake ngisho lokhu nje, nga—nga . . . yonke inhliziyo yami, ukuze nibone i . . . engizama ukukufinyelelisa kini. Ngikholwa ngempela ekukhulumeni ngolimi. Ngikholwa ukuthi kuyisiphiwo eBandleni. Ngiyakholwa ukuthi lukhona ulimi. Ngike ngakhuluma ngezilimi, izikhathi eziningi, qobo lwami.

25 Ake ngininike isibonelo esincane esenzekayo, engicabanga ukuthi iPentekoste yayinjalo. Ngizobe-ke sengi . . . into enjengalena, manje, noma into ethi ayibe nje. NgangiseDallas,

eTex- . . . eHouston, eTexas, ngaphambi nje kokuba *lesi* isithombe sithathwe, cishe ngolunye usuku. Sasingaba neHholo loMculo; sasibambe izinkulungwane eziyisishiyagalombili. Abantu babengakwazi ukungena, ngakho sawelela etabernakele likaRaymond Richey. Ngiyayikhohlwa nje . . . Lalingelikhulukazi, itabernakele elikhulu. Futhi—futhi saligcwalisa lelo lagcwala. Futhi ngangishumayela futhi ngikhulekela abagulayo, lapha. Manje-ke, besabakhipha, ngangiya ngale, futhi ngishumayele futhi ngibakhulekele ngapha, kwelikaRamond Richey, phesheya komfula.

26 Kwase kuthi-ke ngenkathi sesilapho, silungiselela ukubuyela eHholo loMculo. Nga . . . UHoward wayesanda kungidedela ngihambe ngigcine lapho engingagcina khona. Futhi wangithinta ehlombe, wangimbambatha ohlangothini. [UMfowethu Branham uyazimbambatha—Umhl.]

Uma niqaphelile, ekamelweni, uma kukhona ugcobo, bayongimbambatha, ka*nje,* [UMfowethu Branham uyazimbambatha—Umhl.] Lokho kusho ukuthi, "Sekuyisikhathi sokuthi uyeke. Ungabe usasho lutho. Woza." NoHoward, wayevamisile, ngangima lapho, wayevele nje abambe isandla sami, angiphose ehlombe lakhe bese ephuma ehamba. Niyabo? Isizathu, wayazi nje ukuthi ngase nginokwenele.

Awu, ngaqala ukusuka emsamo ngenkathi engimbambatha. Ngathi, "Kulungile, mfowethu." Ngaqala ukusuka emsamo, nentombazane, intombazane encane, yayihleli, imi lapha, ikhala. Encane, intombazane engumMexico, ibukeka icishe ibe neshumi nambili, ineminyaka eyishumi nane ubudala, iseyinjejane nje. Futhi ngayibuka, ngase ngithi, "Yin'indaba, s'thandwa na?" Ngathi, "Iyakhala, Howard, ngoba . . . "

Wathi, "Usube nokwanele. Unelinye iqembu laphaya, lilindile."

Ngase ngithi, "Yenyusele lapha." Futhi ngase ngeluleka, ngiqhweba ka*njalo*. Yase ikhuphukela emsamo. Ngikholwa ukuthi oMfowethu Wood nabo wayekhona, manje. Babesemhlanganweni. Angazi noma ngalesosikhathi noma qha. Mfowethu Wood, ukuphi, kulobubusuku na? [UMfowethu Banks Wood uthi, "Lapha."—Umhl.] Ngabe wa . . . Kunjalo na? ["Kunjalo."] Yebo, wawukhona. Ngase ngithi, "Yenyusele emsamo."

Awu, ngathi, "Buka, s'thandwa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukungitshela ukuthi iyini inkathazo yakho na?" Futhi yayilokhu igobise ikhanda layo elincane. "Awu," ngacabanga, "ingahle ukuba iyisithulu futhi iyisimungulu."

27 Ngakho, ngabuka futhi. Ngabona ukuthi kwakungukukhuluma. Futhi ngathi, "O, ayikwazi ukukhuluma isiNgisi." Yayingakwazi ukukhuluma nelilodwa igama lesiNgisi.

Ngakho yayingeyaseMexico. Ngakho bathi akuze umhumushi. Ngase ngithi, "Uyakholwa, s'thandwa, ukuthi iNkosi uJesu ingangitshela ukuthi yini inkathazo yakho na?"

Awu, yakhuluma yabuyisela kumhumushi, yathi, "'Yebo.' Ikukholiwe."

Ngase ngithi, "Awukwazi ukukhuluma isiNgisi, nhlobo nje?" Nomhumushi washo kuyo.

Yathi, "Qhabo." Yayingakaze yazi-magama esiNgisi. YayingeyaseMexico. Futhi ngakho ngenkathi ngi . . .

28 Wase uqala-ke umbono. Futhi ngathi . . . Abawuhumushi umbono, niyabo, ngoba ukhuluma njalo. Abawuhumushi neze umbono, ngakho, uze uphele wonke, bese-ke beyabatshela ukuthi kwenzekeni. Ngakho, kwathi, sengiqale ukukhuluma, ngabona umbono. Ngathi, "Ngibona intombazanyana ethi ayibe neminyaka eyisithupha ubudala. Igqoke ingubo egqokwa yizikoshi, nemicu yezinwele ezehle zayoshaya phansi emhlane wayo, nezihibe zeribhoni kuyo. Ihlezi ngaseziko eliyifeshini endala. Kukhona iketela elibanzi, futhi idlela kulo ummbila obomvu. Idla ummbila kakhulu ngangokuthi isize igula ngamandla. Iyawa, nonina uyibeka embhedeni, futhi inesithuthwane. Futhi yilokho okwenzeka kuyo. Niyabo?" Ngathi, "Ubunesithuthwane, selokhu kwasukela lapho."

Futhi ngokushesha, ngaphambi kokuba noma ubani asho utho, yambheka phezulu umhumushi, yathi, ngolwimi lwakubo, "Bengicabanga ukuthi akasikhulumi isiPenishi."

Nomhumushi wathi, "Ukhulume isiPenishi na?"

Ngathi, "Qhabo, mnumzane. Ngikhulume isiNgisi."

Wathi, "Awu, ithe ukhulume isiPenishi."

Ngakubamba. Ngathi, "Misani iziqophi." Kwakukhona ezinkulu izigejane zeziqophi, mhlawumbe zingamashumi amathathu ziqopha, ngalezozinsuku.

Mfowethu Roy Roberson, wawungekho lapho na? [UMfowethu Roy Roberson uthi, "Yebo."—Umhl.] Yebo. UMfowethu Roy Roberson, noDadewethu Roberson nabo, wayekhona.

29 Ngakho ngathi, "Misani iziqophi. Sihlehliseni." Futhi ngempela kwakuyisiNgisi. Kodwa, niyabo, kwase kuthi-ke lapho ngiqala . . .

Inqobo nje uma umbono wawusaqhubeka, ngangikhuluma isiNgisi kodwa yona yayizwa ngesiPenishi. "Yini pho ukuba sonke ngabanye sizwe ngolimi lwakithi, esazalwa nalo na?" Niyabo? Futhi, kodwa, ngathi nje ngingaqala ukukhuluma, qobo lwami, ayabe-ke isayizwa into engangiyisho. Kodwa ngenkathi ukuphefumulelwa kusaqhubeka . . .

30 Manje qondanisa lokho nePentekoste, kanye nje. Niyabo? Mngane, uNkulunkulu ungumehluleli wami. UMoya oNgcwele wakwenza lokho. Manje asiqondanise lokho nasemuva ePentekoste, okwencazelo yethu. UMoya oNgcwele ubungeke wenze noma yini nje—nje ukuba kuthiwe nje Wayenza. Kufanele kube nembangela nesizathu. Niyabo?

31 Manje, ngoSuku, "Yini pho ukuba sonke ngabanye sizwe ngolimi lwakithi, esazalwa nalo na? Bonke laba, abakhulumayo, abasibo abaseGalile na?" Bazi kanjani ukuthi babengabaseGalile, uma babengakhulumi isiGalile na? Bonke babegqoka ngokufanayo. Bazi kanjani ukuthi babengabaseGalile na? "Bonke laba, okhulumayo, abasibo abaseGalile na? Futhi yini pho ukuba sonke ngabanye sizwe, ngolimi lwakithi, esazalwa nalo na?"

32 Kwase-ke, kusukuma enye indoda, yaseGalile, uPetru, futhi uqala ukushumayela kubo. Futhi ngandlela-thize, kulesosixuku sabantu, imiphefumulo eyizinkulungwane ezintathu yamqonda, futhi yafika futhi waphenduka, futhi banikela izimpilo zabo kuKristu.

33 Manje lalelani. Ake nginithathele omunye futhi umBhalo, ngiyacela. Asiye ngale kuPawulu oNgcwele omkhulu, futhi sizobe-ke sesifunda isahluko 12 sabaseKorinte bokuQala. Beseke sehlela esahlukweni 13 sabaseKorinte bokuQala, ngenkathi uPawulu ekhuluma ngokuthi, "Uma izindlebe zizothi ekhaleni, 'Angikudingi,'" njalonjalo, amalunga oMzimba. Bese kuba sesahlukweni 13—13, lalelani ukuthi wathini manje.

34 Manje, siyazi ukuthi kukhona izinhlobo ezimbili zezilimi ezishiwo eBhayibhelini. Olunye lwazo wulwimi, lolo olu—luwulwimi olukhulunywa yizigodi ngezigodi zomhlaba. Manje, olunye wulimi olungaziwa.

35 Manje, abaningi babantu bakithi abayigugu kakhulu... Nginitshelile ukuthi ngiyiPentekoste. Manje, abaningi babantu bakithi bayakukholwa lokho, ukuthi, uma bemukela uMoya oNgcwele, bavele basukume nje bese bekhuluma ngolimi olungaziwa. Lokho kuphambene impela nomBhalo. Khona-ke abantu abakwazi abakushoyo. Kodwa, ngoSuku lwePentekoste, wonke umuntu wayekwazi ababekusho. Lokho kwakungukuqhubeka, kuzo zonke izizwe. Niyabo? UJesu wathi, "IVangeli lifanele lishunyayelwe kulolonke izwe, kuqalwe eJerusalema." Yilapho okwakufanele kube ngaleyondlela.

Manje qaphelani. UPawulu washo, ukuthi, "Ulimi olulodwa, ukuthi, uma ukhulume ngalo, ulimi olungaziwa okuyisiphiwo sezilimi, ngaphandle uma kuba ngokuhunyushwa noma ngesambulo, ukuthi kungesize lutho kangako."

Futhi-ke siyathola, ukuthi, esahlukweni 13, wathi, "Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu," lolo yizilwimi ezikhulunywa izigodi ngezigodi zomhlaba, "noma zeziNgelosi.

Noma ngikhuluma ngolimi lwabantu noma lweziNgelosi, kepha ngingenalo uthando, angiyinto yalutho." Ngakho ubungakhuluma ngazozombili izilimi uqobo zabantu nezeziNgelosi, futhi ulokhu ungenaye uMoya oNgcwele.

36 Azange sibe nakho yini, kumaHeberu 6 na? "Imvula yehlela phezu kukakolo nokhula." Akashongo yini uJesu ukuthi, "Imvula inela abalungile nabangalungile na"? Niyabo? Imvula efanayo eyenza ukolo umile, iyimvula efanayo eyenza uku—uku . . . khulisa. Kodwa, ngesithelo salokho, niyakwazi.

Nesithelo sokuqala sikaMoya siluthando. Okwashiwo nguPawulu, "Uma nginakho—uma nginakho konke, ngingakhuluma ngazozonke izinhlobo zezilimi, kepha ngingenalo uthando, ukubekezela, ububele, ukukholeka, ukukhuthazela, njalonjalo, akungisizi ngalutho." Niyabo?

37 Manje-ke qaphelani ngeziphiwo. Wena uthi, "O, *kukhona* indoda edumileyo kaNkulunkulu. O, yenza izimangaliso." Lokho noma kunjalo akuyenzi ibe ngeqinisileyo.

38 "Noma nginesiphiwo sezimangaliso," uPawulu washo, kwabaseKorinte bokuQala, into ethi ayifane nalokho, "noma nginokukholwa ngize ngigudluze izintaba, kepha ngingenazo izithelo zikaMoya, uthando, ngisalokhu ngingento yalutho." Niyabo? Isizathu, ukukholwa kuyokwenza noma yini.

Yingakho njalo ngiyaye ngithi, "Awuphiliswa ngukuzibonga ngokusindiswa kwakho. Ubongwa . . . uphiliswa ngukuzibonga kokukholwa kwakho, 'Uma nikholwa.'"

39 Manje, niyabo, "Noma ngikhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi, kepha ngingenalo u chari- . . . ," noma angakwenza, "Angiyinto yalutho." Ngakho, niyabo, ngeke washo lutho.

40 Manje, kumngane wami oyigugu oyiMethodisti. Nginababili behlezi khona lapha, nasezindaweni zonke. Nginabo khona lapha, abaningi babo. Ibandla leMethodisti lalivamise ukukholwa, emuva osukwini lwalo lwasekuqaleni, lwasendulo, ukuthi, "Uma umuntu esethole inkolo ngokwenele, futhi wangcweliswa, ukuba amemeze, wayesenaWo."

IPentekoste yathi, "Uma ekhulume ngezilimi, wayese naWo."

Futhi kulezizinsuku, bathi, "Uma unenkonzo yokuphilisa, usunaWo." Kodwa akukho lutho okwa . . .

41 Lalela, mngane. Ungazami ukwethembela nokufuna amadlingozi. Esikhundleni, yencika emaqinisweni, niyabo, hhayi edlingozini. Ukumemeza kulungile. Ukukhuluma ngezilimi kulungile. Ukudumisa iNkosi kulungile. Ukukholelwa kwezimangaliso kulungile, zonke lezozinto.

42 Naleyomizwa, abanye babo bathi, "O, NgiWuzwe njengomoya ovunguzayo." Omunye uthi, "Ngizwe uMlilo

emphefumulweni wami." Ngani? Lokho akukwenzi kube ngokuqinisileyo, ndlela-zombili. Kuyilokho oyikho emva kokuba usukwemukele, niyabo, yilokho okubalulekile. Niyabo? Ngakho ngeke uWuqhasele kunoma yiliphi idlingozi elithize.

43 Manje, lokho ngempela yikhona okwedlula konke engikwaziyo. Manje, ngingahle ngibe nephutha; uma nginalo, kusho ukuthi-ke angiwuqondi kahle umBhalo. Futhi uma kuphambene, awu, angiqondile ukuphambana. Niyabo? Kodwa nje ngisho ukuhumushela kwami kwalokho engikholwa ukuthi lokho kuyiqiniso.

44 Manje, sidla esininginingi isikhathi sethu lapha kulokhu, ngaphambi kokuba siqale inkonzo ejwayelekile. Futhi manje—manje, asiziphathi lezizinto kaninginingi lapha etabernakele, ngesinye isikhathi. Lokhu kube ngokokuqala, ngiqagele, isikhathi eside, mhlawumbe unyaka noma emibili, noma okuthize. Bese kuthi-ke mhlawumbe abanye babantu bakithi bayangena, futhi bathi, "Awu, Mfowethu Branham, ngibe—ngibe nezindebe ezingingizayo. Futhi ngenze *lokhu*. Ngenze *lokho*."

Ngithe, "Awu, kulungile. Lokho kuhle kakhulu."

45 Manje, uma ufuna ukukhuluma ngolimi olungaziwa, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uyokuvumela ukwenze. Kodwa ngokwemiBhalo, usalokhu ungeyinto yalutho kuze kufike uMoya oNgcwele.

Manje-ke, emva kokufika kukaMoya oNgcwele, manje-ke usungakhuluma ngezilimi futhi ube ne... UNkulunkulu uyovele athathe imvelo oyiyo nje, bese eyinquma ayikhiphe kuwe, bese ekwenza ube yinceku edlula konke ongaba yikho. Angahle akwenze ukuba ushumayele iVangeli. Angahle akwenze ube nesiphiwo sokukhuluma ngolimi. Angahle akwenze ube ngumprofethi. Angahle akuphe umoya wesiprofetho. Angahle akwenze. Kul'khuni ukusho, ukuthi Angakwenzelani. Noma, Angahle akwenzele zonke lezozinto. Kodwa into yokuqala, ngukuqiniseka, ukuthi, "Ngokukodwa..." Hhayi idlingozi. "Kodwa ngaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibeMzimba munye." Bese kuthi-ke iziphiwo zivele kulowoMzimba, niyabo, ukukhuluma ngezilimi nakho konke.

46 Okuyikho, uma—uma umNazarene ekhuphuka eza kimi. Ubungathi, "Mfowethu Branham, manje, umNazarene neMethodisti. Bathi bemukela uMoya oNgcwele ngenkathi bememeza. Bathi bemukela uMoya oNgcwele." Angisho ukuthi abawemukelanga.

Kodwa yinye into engiyibhekisisayo, "Ngesithelo sabo."

Uma iQiniso lembulwa, abanye babo bamelana naLo, kamunyu, "Lowo ngudeveli." Manje-ke, isithelo siyakhombisa ukuthi kuvelaphi. Niyabo? Kuyakhombisa ukuthi

abaWutholanga. Kodwa labo abavuma ukuhamba ekuKhanyeni, bemukela iZwi.

47 Lapha ngesiye isikhathi esedlule, ngangishumayela ezansi eKentucky. Futhi ngaphandle komhlangano, kwakukhona indoda eyayisonta ebandleni elikholwa wukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Yayiphethe isiketekete ngesandla sayo. Yase ithi, "Bengilinde wena nje, mshumayeli." Umalume omdala nami, osewahamba manje.

Ngase ngithi, "Yebo, mnumzane."

Yathi, "Ngingu *s'bani-bani*."

Ngase ngiyixhawula. Ngathi, "Ngiyajabula ngempela ukubonana nawe, mfowethu."

Yase ithi, "Ngifuna ukukutshela nje ukuthi ngikholwa ukuthi unephutha ngokoqobo."

Ngathi, "Awu, unelungelo lokwenza lokho, ngoba ungumMelika." Yase ithi . . . Awu, niyabo, futhi sathola . . . Ngathi, "Nephutha kukuphi na? Ngabe usho ngokuphilisa na?" Ngathi, "Uthini ngaleyantombazanyana ebingafake-zicathulo evele nje yenyukela lapho izolo, izolo ebusuku, inengane encane na?"

Yayingengaphezu kweminyaka eyishumi nane ubudala, qobo lwayo, ingafake-zicathulo. Endadlana . . . Nikubiza ngokuthini lokho na? Uhlobo lwendwangu elula igingem, indwangu engukaliko, noma uhlobo oluthize lwengubo. Angazi lutho ngezimpahla. Futhi—futhi yayiphethe ingane encane ngesandla, yase yenyukela kimi. Nabantu benamathela e win- . . . Naleli kwakuyibandla lamaMethodisti, ibandla lamaMethodisti iWhite Hill, ngaphandle nje kwaseBurksville, eKentucky, lapho engazalelwa khona. Futhi yayinalentombazane encane. Ngase ngithi, "Dadewethu . . . "

Ngangibuzile. "Ukhona yini ogulayo na?"

Futhi yahamba yenyuka idlula lapho, encane, into enamahloni, ikhanda layo elincane libheke phansi. Yase ithi, "Yebo, mnumzane, ingane yami." Nento encane yayihamba *kanjalo*.

Ngathi, "Yin'indaba ngakho, dadewethu?"

Yathi, "Kunokudlukuzeka."

Ngase ngithi, "Ukudlukuzeka?"

"Yebo, mnumzane."

Ngathi, "Sekuyisikhathi esingakanani kunalokhu ukudlukuzeka na?"

Yase ithi, "Awu, selokhu kwazalwa, futhi manje sekusondele kakhulu ekutheni kube nonyaka ubudala."

Ngase ngithi, "Uyangivumela ukuba ngibambe leyongane na?" Phezulu lapho ezintabeni ufanele uthi ukukubhekisisa lokho.

Yase ithi, "Yebo, mnumzane." Inikezela umfo omncane engalweni yami.

48 Enhliziyweni yami, ngavele ngama ngathula, umzuzu. Ngathi, "Nkulunkulu, uma Uzongivumela ngizuze lababantu, ngakho-ke ngenzele okuthize manje."

Futhi ngenkathi ngisakubambe ngesandla sami, kwayeka ukudlukuzeka. Ngakubuka. Ngakuhlalisa, izingalo, ngadlala nakho, futhi kwasineka futhi kwangihleka. Ngayibuka phansi. Yase isukuma . . . Yayigobise ikhanda layo elincane, izinwele zayo zehlukene zilenge zehlela emhlane wayo, futhi zinomqhino. Yaphakamisa ikhanda layo, nezinyembezi zehla ngezihlathi zayo ezincane. Amadoda ayimidondoshiya emi lapho, enobuhwanqa ebusweni bawo, bubude *kangako*, nezinyembezi zehla ngezihlathi zawo. Ngaqalaza. Ngathi, "Nansi ingane yakho, dadewethu. UJesu Kristu uyayiphilisa." Nalabo besifazane asebekhulile baqala ukuquleka futhi bawa phansi, futhi bathelwa ngamanzi ebusweni babo, futhi bababphephetha ngomoya.

Futhi—futhi, ngani, ngathi, "Yini eyenza lokho na?"

Wathi, "Mnu. Branham, ngeke ngemukela lutho ngize ngiyibone kahle-hle."

Ngathi, "Awu, umqondo omuhle, ngiyethemba. Kodwa," ngathi, "Ngifuna ukukubuza, uhlalaphi na?"

Wathi, "Ngemuva ngale ngaphesheya kwentaba lapha, kuyibanga. Hamba nami siyodla ukudla kwakusihlwa kulobubusuku, futhi ngizokupha umbhobe nesinkwa sommbila."

Ngathi, "Ngiyathanda ukuya, futhi ngilambe ngempela, kodwa," ngathi, "Ngeke ngakwenza. Kufanele ngiye ekhaya nomalume wami." Futhi u . . . Ngathi, "Awu, ngifuna ukukubuza—ngifuna ukukubuza okuthize. Wazi kanjani ukuthi uzofika ekhaya na?"

Wathi, "Awu, ngizovele nje ngihambe ngeqe leyontaba."

Ngathi, "Ungalibona ikhaya lakho na?"

Wathi, "Qhabo."

Ngathi, "Pho wazi kanjani ukuthi uzofika lapho na?"

Wathi, "Ikhona indlela yezinyawo eholela khona."

Ngathi, "Kodwa, noma kunjalo, awuliboni. Futhi usanda kungitshela nje ukuthi ubungeke wemukela noma yini ngaphandle uma uyibonile, kahle-hle."

"O," wathi, "Ngizovele ngithathe ukukhanya bese ngihamba nokukhanya."

Ngathi, "Yilokho engizama ukukutholela ukuba ukwenze."

Njengoba nje isiketekete sinikeza ukukhanya, hamba ekuKhanyeni njengalokhu Yena esekuKhanyeni. Siyofika kahle lapho. Nakuba ngingakuboni ukuphela, ngokucacile, kodwa ngiyazi ukuthi kuzoba khona.

Asikhuleke manje.

49 Baba waseZulwini, siyaKubonga ngokulunga kukaJesu Kristu, Oyisenta yothando. Futhi ngangivamise ukucabanga ukuthi Wawungithukuthelela, kodwa uJesu engithanda. Kodwa ngithola ukuthi manje ukuthi uJesu uyiyo impela inhliziyo kaNkulunkulu, ngakho ngi—ngiyazi ukuthi Uyangithanda futhi—futhi wangihluphekela.

50 Futhi, Baba, Nkulunkulu, ngikhulekela lomhlaba namhlanje, nezwe lakithi. Ngikhulekela, Nkosi, intethelelo yamaphutha ami uqobo namaphutha abantu bami, abantu Ongiphe bona ukuba ngibeluse. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa, nabobonke abantu obekulomhlangano omncane, obuze imibuzo. Noma—noma, mhlawumbe ngisho into ephambene naleyo abayikholwayo. Nkosi, angikwazi ukuyichaza, mina uqobo. Angikwazi. Kodwa vumela... Ungabazisa nje, Baba, lokho enhliziyweni yami, engikuqondile na? Siza. Ngikhulekela ukuthi Uzokwenza lokho. Babusise, kanyekanye.

51 Sibusise manje njengoba silindele eZwini laKho, imizuzwana embalwa nje ngaphambi kwenkonzo yombhaphathizo. Sisize ukuba sikhulume lokho okufaneleyo. Sisize, kuloMlayezo kulobubusuku, umphimbo wami uthe ukusha izwi kancane. Ngikhulekela ukuthi Uzongisiza, Nkulunkulu othandekayo, futhi Uzophilisa ngisho abagulayo nabahluphekile ophakathi kwabantu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

52 Manje, uma nithanda, okwemizuzwana embalwa nje elandelayo, asiphenye ngale eNcwadini yabaseRoma, isahluko 6.

O, ake nilinde. Ngikholwa ukuthi ngine...Ake sithi, nginenye inqwaba eningi ye ques-. . . Ake sithi, ngizoyiphendula lena ngoLwesithathu ebusuku, uma lokho kulungile. Sengivele, ngephuze kakhulu manje. Angizange ngiyiqaphele leyo ebekwe lapho kuze kwaba yimanje.

Manje, kwabaseRoma isahluko 6, asifunde.

> *Ngakho siyakuthini na? Sihlale esonweni, ukuze kuvame umusa na?*
>
> *Qha nakanye. Thina esafa maqondana nesono, singabuye sihambe kanjani kuso na?*
>
> *Kumbe anazi yini, ukuthi* njenge...*sonke esabhapathizelwa* ku*Kristu Jesu sabhaphathizelwa* kukho *ukufa kwakhe na?*

> *Ngakho sembelwa naye* kukho *ukubhaphathizelwa kukho ukufa: ukuba njengalokho uKristu wavuswa kwabafileyo ngenkazimulo kaYise, kanjalo nathi sihambe ekuphileni okusha.*
>
> *Ngokuba uma sihlanganiswe kanye naye ngokufa okufananayo, siyakuba njalo nangokuvuka kwakhe.*

53 Uma bengingafanele ngithathe indikimba kulobubusuku, cishe imizuzu engamashumi amabili, bengizosho lokhu, "ukuzibandakanya," *Ukuzibandakanya NoKristu.*

54 Niyazi, kukhona, ezweni namhlanje, abantu abaningi kakhulu abangenelisekile. Futhi kuyamangalisa, uma uhambahamba futhi uthole ukungeneliseki okukhulu kangaka. Abantu kul'khuni ukuthi bazi ukuthi yini abafuna ukuyenza. Bayeza behla ngomgwaqo cishe ngamamayela angamashumi ayisikhombisa namashumi ayishiyagalombili ngehora, endaweni yamamayela angamashumi amathathu; bashishilizise amabhuleki futhi bajike ekhoneni, futhi basuke ngelikhulu ijubane baze bashise amathayi abo uhhafu, ukuya ebangeni lendlu yedolobha, ukuba bahlale bese bekhuluma isikhashana. Kubonakala sengathi abantu abakwazi abakufunayo.

55 Abanye babo bathikamezeke kakhulu baze behlele ekhemisi bafike bazithengele ibhodlela lomuthi owuphoyizeni, i-asidi lesibabule, noma okuthize, futhi bazibulale. Babathola belele befile. Abanye bazovulela izifutho ezinamandla zegesi ekamelweni, noma bahlale ezimotweni zabo nepayipi elinentuthu ephuma ku ekzozo, bezama ukubalekela ukuphila. Abanye babo bayogibela ebhulohweni, futhi babhale isiqeshana sephepha bese besinamathelisa ebhantshini labo, bese belibeka phansi, bese bezihloma ekufeni phakathi emfuleni; bagxumele phansi ezintabeni, imibhoshongo ephakeme. Nabanye bayothatha ivolovolo futhi balibeke phezulu ekhanda labo, futhi empeleni bazisakaze kuphume ubuchopho babo. Nje abenelisekile.

56 Izibhedlela zigcwele abantu abangenelisekile. Izikhungo zezinhlanya zigcwele ngokweqile. Abenelisekile! Abakwazi abakufunayo. Kubonakala sengathi ikhona into abayilangazelelayo, kodwa nje abezi neze kuyo.

57 Kanti futhi sithola ukuthi, amakhaya, elingumgogodla wesizwe no—nowebandla, sithola amakhaya ebhidlikile, nezinkantolo zezahlukaniso nje zigcwele zichichima izehlukaniso. Ubuhlongandlebe bentsha, bo—bomama beshiya abantwana babo abancane nomzanyana futhi—futhi basuke bahambe, baphume baye emsebenzini nakwezinye izindawo, kanti amadoda abo anemisebenzi emihle, kodwa nje abenelisekile ukuba ngumama futhi bahlale ekhaya. Abenelisekile ukuthi bagqoke njengamanenekazi. Ba—bafuna ukugqoka njengabesilisa. Abesilisa ufuna ukuba

njengabesifazane. Futhi nje ba. . . Lapho kubonakala nje kuyinto ethize engalungile, ndawo ndawo. Nabantu bafinyelela entweni ethize, futhi abayitholi. Leso yisimo esidabukisayo ukuba kuso.

58 Bafune ndawo zonke, ukuba bathole okuthize, ukuba bazenzele isibonelo. Sithatha abesifazane bangosuku lwethu, bayobuka itelevishini baze babone ingcweti ethize yamabhayisikobho. Noma, izophuma, igqoke ngendlela ethize, futhi bonke abesifazane bazofuna ukugqoka njengayo, noma benze njengayo, bayenze isibonelo. Amanye amantombazane abukekayo, eselapha nje ekupheleleni kobusha, ayozama ukuzifanisa, futhi azame ukwenza ingcweti ethize yamabhayisikobho ibe yisibonelo afanele ahambe ngaso. Futhi ekugcineni azithola esesongelwe ehhokweni lesono lapho angeke esaphuma khona. Into edabukisa kangaka pho! Ngiwabona ezongena emhlanganweni, izinyembezi zehla ezihlathini zawo, kodwa azingela okuthize.

59 Sithathe abesilisa. Abesilisa, ungababhekisisa emgwaqeni noma ebhizinisini labo. Ikhehla lifuna ukuba yibhungu. Liyogunda izinwele zalo, zibe flethi phezulu, bese lenza i—isisila sedada ngemuva. Lifuna ukuba yibhungu. Ibhungu lifuna ukufana nenye yalenkosi yomculo wokuzibinya. Aphethelaphi na? Esonweni nasehlazweni.

60 Owesilisa ubonakala engenelisekile. Ugijima ndawo zonke. Bayothatha e. . . balalele emsakazweni, amahlaya nezinto ezenziwa yilababahlekisi. Futhi bayophuma futhi bazame ukulingisa noma—noma baziphathise okwalabobantu.

61 Thatha umfana omncane emgwaqeni. Ngikwazi kanjalo! Futhi ufanele abe yiPaladin, noma iHopalong Cassidy. Noma . . . Nezwe lezohwebo liyakubamba lokho bese lenza izigidi zamadola ngakho. Bafanele babe ngoRoy Rogers, noma u—uMnu. Dillon, noma—noma izimpahla zonke ezidingekayo zohlelo lwetelevishini.

Bazama ukulingisa lowomuntu. Babamisa babeyisibonelo. Babathathe babe yisigaba sabo—sabo sokuphila. Futhi batholani ekupheleni komgwaqo na? Labobafo abancane baphenduka babe yizigebengu nabaphangi. Abesifazane baphenduka babe yizifebe, no—nokuhamba emgwaqeni, na—nabantu abangamahlongandlebe. Abesilisa baphenduka babe ngabagembuli, futhi, "Abathanda injabulo kunabathanda uNkulunkulu." Amabandla azama ukulingisa elinye ibandla, ibandla elikhulu.

62 Sibonakala nje sibona, akukho-kweneliseka phakathi kwabantu. Yini abayi . . .

Yini ebenza bakwenze na? Kungenxa yesizathu. Yimvelo. UNkulunkulu wabanika leyomvelo. Banemvelo ebenza bafune

ukuba nento ethize abazozibandakanya nayo. Bafanele babe nento ethize abafuna ukufana nayo, impokophelo empilweni.

Bafuna ukuba yingcweti yamabhayisikobho, noma ikhawa, noma—noma into ekulowomqondo.

63 Ngangizwa emsakazweni, ngiya ekhaya, lapho khona indoda edumile engumNtaliyane, eDenver, yayizama ukudlala iHopalong Cassidy, okuthize, ngesibhamu esihlohliwe. Futhi esikhundleni salokho, izoba yiChester, zonke izinsuku zokuphila kwayo. Yadubula yasusa ivi layo. Nakho lapho okhona.

64 Kodwa bazama ukuthola into ethize abazozibandakanya nayo. Isizathu sokuba bakwenze, yingenxa yokuthi kukhona okuthize kubo, futhi uNkulunkulu wabenza lokho.

Kodwa uNkulunkulu wabenzela isibonelo sokuba bazibandakanye naso, futhi lokho kwakungenkathi Enza uJesu Kristu ukuba abe nguMsindisi wakho. Yileso isibonelo. Yilokho abantu akufunayo, ufanele afune ukuzibandakanya noJesu, ukufana naYe.

65 Uma bonke abafanyana ofuna ukuba nguHopalong Cassidy noma—noma abanye balaba abanye; noma amantombazanyana, uAnnie Oakley's njalonjalo; ukuba bebefuna kuphela ukufana noJesu, kakhulu njengoba befuna ukufana nalokho, oSonto sikole bebezochichima, ndawo zonke. Ukuba abesifazane ofuna ukufana nenye ingcweti yamabhayisikobho, bebezofuna ukufana noJesu; ibandla, ngani, bebengeke bathathe umnikelo. Impela.

66 UNkulunkulu wenza umuntu ukuba afise ukuba nesibonelo. Futhi uNkulunkulu wamnika isibonelo. Lesosibonelo nguJesu Kristu, ukubandakanywa naYe.

67 Manje, ukuba besizofana kakhulu naYe, khona-ke bekungeke kubekhona abantu abagqamileyo ezweni. Bebengeke babekhona abantwana abalambile ezweni. Bekungeke kube-khona-wiski, noma ukuphuza, noma ukugembula. UNkulunkulu wasinika isibonelo sokufana, kodwa siyala ukuba sibe Yiso. Manje, yileyo indaba ezweni. Banesifiso, uNkulunkulu ubaphile lokho, kodwa basiphendulele endleleni engalungile. Sekuyisikhathi sokubuyela emuva futhi singene emgwaqeni ofanele, bese sithola ukubheka eKalvari. Imvelo iyakufakazela.

68 Manje, uma abantu balolusuku, nalesosifiso esikhulu nentshisekelo enkulu yokufana nothize, kube yisibonelo. Ukuba babethathe uKristu njengesibonelo sabo, khona besizoba ne . . . Besingaxosha onke amaphoyisa akhona, esizweni. Wonke umuntu ubeyoba-mnene azithobe. Wonke umuntu ubeyoba nomusa futhi abenothando lobuzalwane, omunye nomunye. Belingeke libekhona nhlobo icala lesahlukaniso ebeliyoke liphendulwe ecaleni ezweni lakithi. Bekungeke kubekhona nhlobo ukugula. Besingakhipha ngisho nezibhedlela, uma bonke

abantu bezame ukwenza uJesu Kristu abe yisibonelo sabo. Besingedinge lutho olunye.

69 Ngakho, leyomvelo ikumuntu, kodwa uyibeka entweni engafanele. Wenza omunye umuntu . . . Futhi niyazi, iBhayibheli lasho, ukuthi, "Siqalekisiwe uma senza inyama ibe yilapho esihlala khona. Uma uzama ukwenza inyama ibe yilapho ohlala khona, noma ubeke ithemba lakho enyameni," iBhayibheli lathi, "uqalekisiwe."

Ngazi kahle kakhulu kanjani! Kulula kabi ukukwenza.

70 Nakhu okudala inqwaba yakho, yizindawana zethu zokuthengisa amaphephandaba ezigcwele amaphephabhuku anenhlamba; amakhaya ethu agcwele izithombe ezikhanukisayo ezilenga ezindongeni. Izindaba zethu ezibukwa ezikrinini azihlolwa kuqala; zivuleke gengelezi, bangasho noma yiluphi uhlobo lwamahlaya, noma—noma benze izinto ezimbi kakhulu. Akusekho-nhlanzeko phakathi kwethu, nhlobo. Ngiyazi ukuthi nicabanga ukuthi ngiqinisa kakhulu kabi kulokho. Kodwa yi . . . Ufanele abekhona ozoqinisa kukho. Kufanele kwenziwe nje.

71 Ngisengumfanyana, ngafunda incwadi ka*Tarzan*, *IziNkawu*. Umama wayenengubo endala enoboya uNkk. Wathen ayemuphe yona, ibekwe phambi kwekhabethe lasekhishini. Ngayisika leyonto phezulu ngase ngizenzela isudu kaTarzan, ngase ngilala esihlahleni iviki. Ngangifuna ukuba nguTarzan. Kwathi-ke lapho ngifunda incwadi ka *The Lone Star Ranger*, ngagibela induku yomshanelo, uyihhashi lokudlala, ngizama ukuba nguLone Star Ranger.

72 Akungaphezu kwalokho okuyokwenziwa ngabantu. Yilokho enikufundayo, umculo eniwulalelayo.

Bangene esitolo othenga udlele kuso, nalomculo wokuzibinya, akumangalisi abantu behlanya. Lokho kwenele ukuqhubela isidalwa esingumuntu ekuhlanyeni.

73 Kodwa, o, ngiyobonga, iPhakade lonke, kolunye usuku engafunda ngalo ngoJesu. Lokho kwangenelisa. Ngifuna ukufana naYe. Leso yisifiso sami, ukuba ngikwazi ukuphendulela esinye isihlathi, noma ngihambe amamayela abe mabili. Ukuba ngikwazi ukuthethelela, lapho amathuba lonke limelene nawe, ungabambeli-muntu amagqubu. Nakuba bekuphatha kabi ngokufaneleyo, noma ngokungafanele ngokwenza kwakho okufaneleyo, kodwa bathande khona kunjalo. Yileyondlela engifuna ukuba yiyo. Ngifuna ukuba yilolohlobo lomuntu. Ngifuna ukuba ngikwazi, ukuthi, uma ngihlanjalazwa, ngeke ngiphindisele ngokuhlambalaza. Yilolohlobo lwesibonelo uNkulunkulu asipha lona kuJesu Kristu. Sifanele sibandakanywe kanye naYe. Thina si ide- . . .

74 "Uba kanjani ngobandakanywa naYe," ubungasho njalo, "Mfowethu Branham na? Manje, ukuthola . . . ufanele ugqoke njengezingcweti zemidlalo zaseHollywood futhi wenze lezi

ezinye izinto. Kodwa uba kanjani ngobandakanywa noJesu Kristu na?"

Kuqala, uyaphenduka kulokhu osuvele ukwenzile. Bese-ke ubandakanywa naYe, lapha echibini. Akungabazeki kepha ngukuthi abaningi bazobandakanywa naYe, emizuzwini embalwa. Echibini, ubandakanywa naYe embhaphathizweni. "Ngokuba uma simbelwe kuKristu, sibandakanywa ekufeni kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka." Yingakho sibhaphathizwa. Sehlela phakathi emanzini, sibuye sikhuphuke ukufakaza ukuthi sikholelwa ekufeni, ukumbelwa, nasekuvukeni kukaJesu Kristu. Futhi uma simiswe emfanekisweni waKhe, ekufeni kwaKhe, uNkulunkulu wasinika isithembiso: siyofana naYe, ekuvukeni.

75 Zibandakanye nozime othize wamabhayisikobho, bese ubona ukuthi uyoba kuphi. Zibandakanye nekhawa elithize, noma ibhungu elithize, bese ubona ukuthi uyoba kuphi.

Kodwa ngikuphosela inselelo, kulobubusuku, zibandakanye noJesu Kristu, ekufeni kwaKhe, ekuvukeni kwaKhe, bese ubona ukuthi uyoba kuphi ekuvukeni. "Ngokuba uma sihlupheka kanye naYe, siyobusa kanye naYe." UNkulunkulu usinike isithembiso. Isifiso sami sonke singukufana naYe.

Thatha mina, O Nkosi, futhi ungibumbe futhi ungenze. Phinda ungilolonge futhi. Njengomprofethi owehlela endlini yombumbi, ngibhidlize uphinde ungibumbe futhi.

76 ETestamenteni eLidala, uma umuntu efuna ukuzibandakanya endlini kaNkulunkulu, wayethatha into engenacala kunayo yonke angayithola, iwundlu. Futhi wayazi ukuthi iwundlu lalikhululekile esonweni, ngoba lalingazisono. Futhi wayehamba, athathe iwundlu, futhi abeke isandla sakhe phezu kwekhanda lalo, bese evuma izono zakhe. Futhi ngokukholwa, adlulisele izono zakhe ewundlwini, nokungabinacala kwewundlu kubuyele kuye. Bese-ke kufa iwundlu, ngoba lase liyisoni. Nomuntu aphile, ngesenzo sokukholwa, sokulalela lokho okushiwo nguNkulunkulu. Kodwa wayenzani na? Wayebuyela emuva ngqo ephuma ethempelini, enesifiso esifanayo abenaso ngenkathi engena. Ngoba, ngenkathi lelongqamuzana lokuphila legazi lephuliwe... Okungukuthi, ukuphila kuqala engqamuzaneni lokuphila legazi elilodwa. Futhi kwakuthi uma lelongqamuzana lokuphila legazi selephuliwe, ukuphila kwewundlu kwakungenakulungelana, noma kubuyele ekuphileni komuntu, ngoba kwakungukuphila kwesilwane. Umuntu wayephuma enesifiso esifanayo akade enaso, ngakho manje-ke wayenza izono njalonjalo, ngaso sonke isikhathi, futhi.

77 Kodwa kufika isikhathi lapho uNkulunkulu esenzele isibonelo, futhi Wasipha iNkosi uJesu. Futhi uma isoni sibeka izandla zaso phezu kwekhanda laKhe eliligugu,

futhi sivume izono zaso, nezono zaso ziguqulwe noma—noma zedluliswe zisuke esonini ziye kuJesu; nokungabinacala kukaJesu kuyedluliswa, ngoMoya oNgcwele, kubuye kungene kulowomuntu. "Uyisidalwa esisha kuKristu Jesu." Yilapho engifuna ukubandakanywa khona. IBhayibheli lathi, "Yena, ongazi-sono, wenziwa isono ngenxa yethu." Isizathu sokuba Ahlupheke sasingenxa yezono zethu. Futhi akungaphezu kwalokho okuqinisile, akungaphezu kwesibopho sethu ukubuka lezizinto futhi sibone ukuthi lezizifiso esinazo, uNkulunkulu azifaka kithi, ukudala kithi, ukusenza sifune ukufana naYe.

78 Futhi manje, uma ungakubona, ngokukholwa, ngaphambi kokuba isifiso sangempela sishaye kuwe, woza ngaphambili, zibandakanye naYe embhaphathizweni. Bese kuthi-ke njengoba umiswe kanye naYe ngokufa okufananayo, uyokwabelana nokufanana naYe, ekuvukeni. Ngokuba nxa Ephuma ethuneni, WayenguJesu ofanayo owangena ethuneni. "Futhi uma sikuKristu . . . " Singena kanjani na? Ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. "Ngalolosuku siyovuka sabelane nokuvuka kwaKhe."

Kwakuvamise ukuba neculo elincane engangivamise ukulicula, eminyakeni eyedlula.

> Ukufana noJesu, ukufana noJesu,
> Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
> Lonke uhambo lokuphila, kusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni,
> Ngicela kuphela ukufana naYe.
>
> Emkhombeni waseBetlehema kwavela uMfokazi, (uMfokazi, kulo izwe)
> Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
> Lonke uhambo lokuphila, kusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni,
> Ngicela kuphela ukufana naYe.

79 Wabelane nokuthobeka kwaKhe, uyokwabelana futhi namandla aKhe. Wabelane nokulalela kwaKhe, futhi uyokwabelana nokuvuka kwaKhe. Wenze njengoba uNkulunkulu athi yenza. Enhliziyweni yami, into enkulu kunazo zonke engingacabanga ngayo, ngukufana noJesu Kristu, ukuba ngibandakanywe naYe. Lapho yingakho ngibhaphathiza abantu eGameni likaJesu Kristu, ngoba Ungukuzibandakanya kwethu. Siphethe okusikhombayo. "Konke enikwenzayo noma kungezwi noma kungomsebenzi, kwenzeni eGameni likaJesu Kristu, ninika uNkulunkulu udumo ngakho." Futhi sibandakanywa naYe embhaphathizweni.

80 Kulobubusuku, sizobhaphathiza, emizuzwini embalwa nje, abantu lapha ekamelweni, olapha ukuba azobhaphathizwa. Futhi uma sikhona isifiso enhliziyweni yakho, osifunayo, ube yinanoma yiyiphi intshisekelo yezwe, phenduka kukho khona

manje. Tshela uNkulunkulu ukuthi uyazisola ukuthi ubufuna ukuba ngumuntu omunye omkhulu wezwe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Uthi, "Nkosi, intshisekelo yami ephelele ngukufana noJesu." Woza ngobumnene, ngokuzithoba, khona-ke, uma ubeka izandla zakho phezu kweKhanda laKhe, nangokukholwa uvuma izono zakho. Uthi, "Nkosi, ngiyazisola ukuthi ngikwenzile." Manje-ke kuzokwenzekani na? UNkulunkulu uzokwedlulisela lonke icala lakho phezu kwaKhe, bese ethatha ukungabi nacala kwaKhe akubuyise akubeke kuwe. Bese-ke uma ulungisisiwe, eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngoba ukholwe yiNkosi uJesu Kristu, iNdodana yaKhe. Icebo elinje pho lensindiso! Khona-ke uzokwabelana nenkazimulo yaKhe. Ukulunga kukaNkulunkulu kuzoza kungene enhliziyweni yakho. AMandla okuvuka kwaKhe azokwenza ube umuntu omusha. Azokwenelisa konke ukulangazelela.

81 Ngisengumfana, ngazama ukwenza yonke into. Nge—ngenza konke engase ngimkhulu ngokwenele ukuthi ngikwenze, nenqwaba yezinto engangingakabi mkhulu ngokwenele ukuthi ngizenze, ngazama. Ngangivamise ukukuthanda, ngiyakuthanda, ukuzingela. Ngangicabanga ukuthi kwakuyikho. Ngangicabanga ukuthi uma ngi . . . Ubaba wami wayengumgibeli. Ngacabanga, "Uma ngingake ngiye eNtshonalanga futhi ngiqeqeshe amahhashi abo!"

Kodwa, mfowethu, ngesinye isikhathi emuva le phezulu ngaleya ezintabeni eArizona, ngehlisa umhlambi wezinkomo, ngobunye ubusuku. Ngangihlezi lapho. Nomfana othiwa wuSlim wayenekamu elidala, nesinqamu sephepha phezu kwalo. Wayedlala. Omunye umfo ehlezi lapho, engowaseTexas, enesiginci, eginxizisa. Futhi bafika ehubweni. Ngangisikhumulile isihlalo ehhashini; ngicamelise ikhanda lami phansi, ngisisebenzisela ukuba sibe ngumcamelo. Nengubo yami yokulala iphezu kwami, nami ngiphakathi lapho, ngisawagqokile amabhuzu ami, ipheya lezipolo lingibambe ukuthi ngingathinti emhlabathini. Futhi uqala ukuginxizisa.

> Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona,
> Phansi lapho ekuhlanzweni esonweni ngakhala;
> Lapho enhliziyweni yami kwabhecwa iGazi;
> Udumo eGameni laKhe!

82 Ngazama ukwenyusa ingubo yokulala, futhi ngamisa izindlebe zami. Ngangibuka phezulu, nezinkanyezi zilengela phansi. Nalezozihlahla zamaphayini ezinyenyezayo ezintabeni kwakubonakala sengathi ziyakhala, "Adamu, uphi na?"

O, ukufuya izinkomo kwakuyinto yesibili. Ngangifuna ukuthola uNkulunkulu. Emuva le phandle lapho, ngakhahlela

kulawomapheya ezipolo, ngathi, "Mnumzane, angikwazi ukuthi Ungubani, kodwa ungangijezisi ngize ngithole into yangempela."

83 Izinsuku ezimbili emva kwalokho, ezansi edolobheni, ngihlezi lapho, futhi emva kwezinsuku ezimbalwa emva kwalokho, emva kokuqoqa. Ngangihlezi lapho ebhentshini elidadlana lasepaki. Intombazanyana yaseSpeyni iza nganeno. Futhi ngangihlezi lapho, ngicabanga ngoNkulunkulu, "Kungaba Yini na?" Encane, intombazane endala iza nganeno, futhi mina ngingumfana nje othi akabe neminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala. Yawisa iduku layo yase ihamba. Ngathi, "Sifazane, uwise iduku lakho." Imicabango kaNkulunkulu nje yase iguqule isifiso sami. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.] Inhliziyo yami yomAyirishi bandla yayilambile. Ngangifuna into ethize, into ezokwenelisa.

84 UNkulunkulu ungiphe inhlanhla yokuzingela, umhlaba jikelele, eAfrika, eNdiya, ezintabeni, eCanada, kokunye kokuhamba okukhulu ukwedlula konke, futhi ngabamba irekhode lomhlaba. Kulungile. Kodwa akukho okungathatha indawo yalawoMandla kaNkulunkulu ophilayo, ukuthumela Lokho emphefumulweni wakho.

85 Ngenkathi ngifika lapho, ngiyazithanda izintaba. Ngiyakuthanda ukushona kwelanga. Nje ngi—nje ngigxumeke isikhonkwane, bese ngibophela ihhashi lami. Bese ngenyuka, esiqongweni sezintaba, futhi ngihlale izinsuku ezithi azibe mbili, nje ngibuka ilanga liphuma futhi lishona, ngizwa kukhala ukhozi. Kuhle. Ngiyathanda ukuba lapho. Kodwa, mfowethu, inhliziyo yami iqala ukududuzela futhi ishaye, uma ngicabanga ngokuthi:

> Ngingcolile, ngingcolile, imimoya emibi yamdwengula.
> Konke kuhamba kahle uma uJesu eza ezohlala.

Ngiqala ukucabanga ngabantu abagulayo, nalolobizo. Futhi kukhona okuthize phakathi kwami, okumemeza kakhulu, "Yehla kulezizintaba ngokukhulu ukushesha. Yehlela lapho uye kubantu."

Ngifuna ukuzibandakanya mina uqobo njengenceku yaKhe phakathi kwabantu baKhe. O, ngikuthanda kanjani ukuzibandakanya mina uqobo naYe. Bese-ke, mayelana nalokho, Ubuyela phakathi kwethu futhi uzibandakanya uqobo lwaKhe nathi. Ukhona lapha kulobubusuku, mngane.

86 Sekuyisikhathi manje senkonzo yombhaphathizo ukuba iqale, emizuzwini cishe eyishumi. Futhi ngifuna ukusho lento eyodwa ngaphambi kokuba sikwenze, ngaphambi kokuba siyiqale. UJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu. . .

Ezininginingi nje iziphawulo engifuna ukuzisho, kodwa anginaso isikhathi.

UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, uzibandakanye uqobo lwaKhe eZwini laKhe. UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, uzibandakanye uqobo lwaKhe emhlanganweni kulokhu ukusa, ngokunikeza ukwehlukanisa ngokubona okufihlakeleyo. Uyazibandakanya uqobo lwaKhe ngokuletha isoni sivela eziseleni sesono, siye ekubeni ngumuntu omusha, isidalwa esisha. Uthatha owesifazane ophansi kunabo bonke noma owesilisa ophansi kunabo bonke, isidakwa, ohlulwa wuphuzo, futhi noma ngabe kuyini, bese eyabaqondisa bese eyabahlanza, bese enza umnumzane ohloniphekile noma inenekazi ngabo. Leyo yiNkosi yami. Athathe umuntu ogulayo nohluphekile, futhi kungasekho-themba ngaye, bese eyamvusa abe sekuphileni okusha futhi. Bese-ke ebonakala phakathi kwethu, futhi Azibandakanye ngokuzikhomba njengoJesu ofanayo, ukwazi yona impela imicabango yenhliziyo yethu. Ame phakathi kwethu, ekubantu baKhe, uNkulunkulu kubantu baKhe, Ezibandakanya ngokuzikhomba. Ulapha manje, lowoMoya oNgcwele ofanayo.

87 Ngaphambi kokuba siqale lowomhlangano phakathi lapha wombhaphathizo, abafowethu besalungiselela, angazi ngalokhu. Angazi noma ukhona yini phakathi lapha ongazange akhulekelwe, kulokhu ukusa, futhi uyagula. Asibone isandla sakho siphakama. Phakamisa izandla zakho uma ugula futhi udinga, futhi awukhulekelwanga, kulokhu ukusa. Akukho-makhadi omkhuleko noma lutho; nje—nje ugula futhi uhluphekile. Kulungile.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

88 Nkosi, nalomphimbo obophekile, iphimbo eligqwalile, o, ngikhulekela ukuthi Uzocwila enhliziyweni, iMbewu, empeleni, ezinhliziyweni zabantu, ukuthi sifanele sizibandakanye naWe. Ngokuba, yisaga esidala lapha emhlabeni, “Inyoni yaziwa ngezimpaphe zayo, nomuntu waziwa ngahambisana nabo.” Futhi, Baba waseZulwini othandekayo, sikhulekela ukuthi Uzoba ngohambisana nathi. Nkosi, masibe naWe, uma kubiza noma yini esinayo kulomhlaba. Masibandakanywe, njengokuthi, “Lowomuntu ngempela uhlala noNkulunkulu. Ahambisana naye nguNkulunkulu.”

89 Makushiwo njengoba kwakunjalo ngoPetru noJohane, emva kokuba sebedlulile esangweni elithiwa eLihle, futhi wathi, “Anginamali; kodwa enginakho, ngizokupha khona.” Nesishosha saphiliswa. Futhi ngenkathi bephambi kwamagceke, abantu bathi bababona ukuthi babengazi lutho futhi bengafundile. Babengenamfundo, kodwa bababona ukuthi babekade bezibandakanye nohlobo olufanele ababehambisana nalo. Babekade benoJesu. Nkulunkulu, leso yisifiso senhliziyo

yami, ukubandakanywa naWe, njengenye yezinceku zaKho, njengaleyo eKuthandayo, leyo ezobaqotho kuWe, futhi igcine izisho zeNcwadi yaKho, futhi ngenze konke lokho engikwaziyo ukukwenza, okuyikho.

90 Manje, Baba, Ungaphinda futhi kulobubusuku uzibandakanye uqobo lwaKho phakathi kwethu, ukuze abantu bazi ukuthi lokhu akusiyo nje into ethize, o, esinye isikhathi esikhethekileyo, noma—noma into efana naleyo, Nkosi. Makwazeke kulobubusuku ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo okade elapha kulokhu ukusa. UnaMandla afanayo. Nezifanayo—izinto ezifanayo Ozenze kulokhu ukusa, Ungakwenza futhi kulobubusuku. Uthembisile ukuthi ziyoba khona ngosuku lokugcina.

91 Abaningi lapha abakubonanga ukukholwa okwenele. Siyakhuleka ukuthi Uzobapha ukukholwa manje. Futhi uMoya waKho mawukhonjwe phakathi kwethu, ngoba Wena wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina naye futhi, okholwa yiMi." Ngakho ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzozikhomba ukuthi Ulapha kanye nathi kulobubusuku, futhi u...sasithanda. Futhi Ufuna wonke umuntu phakathi lapha, ongakabhaphathizwa, ukuba eze futhi abandakanywe naWe. Ukuze nabo futhi babe ngabahlanganyeli balomusa omangalisayo ongedluliswa; usuka kithi uye kuYe, nosuka kuYe uye kithi; icala lethu kuYe, nomusa waKhe kithi. Siphe khona, Nkosi. Yizwa imikhuleko yethu, njengoba sicela eGameni likaJesu iNdodana yaKho. Amen.

92 Simi ethunzini lokulunga kobulungiswa bukaNkulunkulu. Njalo uma ababili noma abathathu behlangene ndawonye ngeGama likaJesu Kristu, Wethembisa ukuthi Uyobaphakathi kwabo.

93 Manje, angazi, ngiqagele ingxenye yamakhadi omkhuleko ithathiwe. Abanye benu bangahle ukuba basenawo. Abaningi benu abanalo ikhadi lomkhuleko. Akunandaba noma ngabe unalo kumbe noma ngabe awunalo. Uma ugula, uyagula. Futhi uma...LoNkulunkulu Owaloba leliBhayibheli, nikholwa ngokoqobo kuYe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma Ezobuya futhi phakathi kwethu, ukuba Azifakazele, ngaphandle kokushunyayelwa kweZwi, ukuthi Ukhona, ekholekisa izoni ukuthi Ukhona; uma Ekhona ukuba aphilise abagulayo, futhi ayembule imbangela, njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni, uzokwemukela yini ngokujabula ukuphiliswa kwakho na? Uma uzokujabulela, phakamisa isandla sakho, noma yikuphi nje. Asizuku...asina...Ngingeke ngazi ukuthi yimaphi amakhadi omkhuleko awakhiphile. Asizukuba nawo amakhadi omkhuleko. Nje, wena khuleka, futhi ukholwe.

94 Futhi uma Ezokwenzenjalo, futhi Azibandakanye ngokuzikhomba, uzofanele ube namahloni ukuthi

ungazibandakanyile naYe-ke. Ufanele ukwenze. Manje, nansi inselele eqonde ngqo. Ebandleni kulokhu ukusa sikhiphe amakhadi omkhuleko, futhi sababizela e-altare, futhi sabakhulekela. NoMoya oNgcwele washukuma ngesikhathi esikhulu ngempela, ngaze ngabezwa bengidonsa ezinhlangothini, bese kuyisikhathi sokuhamba, ngoba bese ngiphele amandla. Futhi manje, lapha ngiyasho, nina eningenawo amakhadi omkhuleko, kumbe noma ngabe niyini, nihlezi laphaya ezethamelini, phosani inselele. Nginiphosela inselele ukuba nenze lokhu, ukuba nikholwe ukuthi indaba enginixoxele yona kaJesu Kristu iyiQiniso. Futhi nikhuleke, uma nigula. Akunandaba . . .

95 Kulokhu ukusa, ngizame ukubona ukuthi ngingabathola yini abantu obengekho kanye netabernakele. Kulobubusuku, angikhathali noma ungowakuphi. Khuleka nje. Bese-ke uma lowoMoya oNgcwele omkhulu kaNkulunkulu, esinesithombe sawo lapho, uma Ezongena phakathi kwalapha! Ningizwile ngikushumayela kakhulu, ukuthi Wasithembisa izinto, ukuthi Uyokwenza lokho. Kwase kuthi-ke ngenkathi Esemhlabeni, ngenkathi Ebuyela enyameni yethu, Uyokwenza into efanayo. Manje, uma ugula, khuleka. Ngikuphosela inselele!

96 Phosela uNkulunkulu inselele, uthi, “Nkulunkulu, uMfowethu Branham akangazi. Akazi lutho ngami. Kodwa uma nje Uzomvumela aphendukele kimi, ungivumele ngithinte ingubo yaKho, bese-ke Uyakhuluma, ngizokwazi ukuthi Uhlangene nalelibandla.” Ibandla lingamakholwa. “Khona-ke ngizokwazi ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.” Futhi khuleka.

97 Ngizwa nje ngiholeleka ekwenzeni lokho. Angazi ukuthi yingani ngikwenzile, kodwa ngizwa ngiholeleka ukuthi ngikwenze.

Manje, uma uzophakamisa ikhanda lakho.

98 Khona lapha, ongibukayo, ngowesifazane omncane obephakamise isandla sakhe ka*nje*, ekhuleka, emizuzwini embalwa nje eyedlule. Futhi ukhulekela omunye umuntu ngaphandle kwakhe uqobo. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, ngokwazi kwami. Uyisihambi uqobo kimi. Kodwa ukhulekela indodakazi yakhe, cishe mayelana nokuhlinzwa. Awusuye ngisho owakulelizwe. UngowaseTexas. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo na? Awulidingi elilodwa. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

99 Ngaze kanjani ukuthi ubukhuleka mayelana nani na? Animboni uNkulunkulu waseZulwini embula izimfihlo zenhliziyo na? Akashongo yini uDanyeli ngosuku lwakhe na? UNkulunkulu wembula izimfihlo zenhliziyo.

100 Nanto inenekazi lihlezi eduze kwakho lapho. Lijabule kakhulu ngakho. Beliphethwe yinhliziyo, futhi lifuna ukukhulekelwa. Ngakho uma nje uzobeka isandla sakho phezu kwalo. Kulungile. Manje, buyela eChicago futhi uphiliswe. Amen. Angimazi lowo wesifazane, naye, angazi lutho ngaye. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Niyabo?

Uzenza Yena ezibandakanya nathi. “Uma ukholwa, konke kungenzeka.”

101 Lona omncane, owesifazane oyiJuda ehlezi lapha, ubekhuleka, naye. Kunjalo. Ubukhulekela mina ukuba ngisho okuthize kuwe. Ngiyibonile inkathazo yakho kulokhu ukusa, kodwa nje angiyibizanga. Kodwa lezozinyawo okade ukhathazeke ngazo, luzophila. Ngakho ungakhathazeki ngalutho ngalokho.

102 Uyakholwa, nawe, nenekazi elincane elihlezi lapha na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Angikwazi. UNkulunkulu uyakwazi. Kodwa uma EnguMoya kaNkulunkulu onathi, khona-ke Uzokwenza njengoba kwenza uJesu. Ubukhuleka, futhi kubonakala sengathi ngidonseleke kuwe. Nanso iNgelosi yeNkosi ngakuye. Uma uzokholwa, ukuphathwa kwakho yinhliziyo kuzonqamuka, nesifo samathambo. Igama lakho unguNkosazana Wisdom. Kunjalo. Buyela emuva futhi uphile, Nkk. Wisdom. Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami.

Kodwa, UnguNkulunkulu, uma nje uzokukholwa.

103 Lapha, bukani lapha. Niyalibona leliyanenekazi elincane elihlezi lapho nesandla salo siphakeme ka*nje*, emlonyeni walo na? Kukhona. . . Anikuboni lokho kuKhanya kulengela khona impela phezu kowesifazane lapho na? Manje, bukani, kwehlela ngqo ngakuye. NgiyaKubona kucazeka. Uphethwe yisibindi, ukhathazwa ukuphathwa yisibindi. Ngukuphathwa yinyongo. Awu, unguNkk. Palmer. Yilokho-ke. Ngiyakhumbula manje ukuthi ngubani. Angibonanga bekungumbono nje; ngiyakubona uhlezi ngakuMfowethu Palmer. Kunjalo, dadewethu. Manje, hamba uphile. Kholwa, ngenhliziyo yakho yonke.

104 Nanto inenekazi elincane elihlezi emva kwakhe, nalo, elibuke phezulu, lithe ukumangala, emva kwakhe ngqo. Ucabanga ukuthi ukuphathwa yithansela kwalabobantwana ababili kuzomyeka, dadewethu, nawe, futhi na? Ngakho-ke hamba ngendlela yakho, ekhaya, futhi uthokoze futhi ujabule. Beka izandla zakho phezu kwalezozingane, zona zombili zinalezo zinkathazo. Nenkathazo yakho isisukile, futhi. Usuphilisiwe, eGameni leNkosi uJesu, nonke. Nizophila, philani.

105 Niyambona uNkulunkulu ophilayo ephila namhlanje na? Mkhulu nje impela, nomaphi. Akanjalo na? [Ibandla lithi,

"Amen."—Umhl.] Anifuni ukuzibandakanya naYe na? ["Amen."] Ngempela, niyafuna. Impela, niyakufuna.

106 Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Ngaphambi kokuba ngi . . . Kungiqeda amandla kakhulu. Bangaki ofuna ukukhunjulwa emkhulekweni njengamanje, ethi, "Nkulunkulu, ngihawukele. Manje ngifuna ukukholwa yiNkosi uJesu. Ngi—ngifuna zonke izinkathazo zami ziqondiswe manje"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl] UNkulunkulu abenani.

107 Nkosi, Owabuye waletha uJesu futhi evela kwabafileyo, Nkulunkulu waseZulwini, ngikhuleka kuWe, esikhundleni sabo, ukuthi leli kuzoba yihora abazokholwa ngalo; beze ngaphambili, uma bengakaze bakwenze ngaphambili, futhi bazibandakanye noJesu Kristu, lapha echibini, kulobubusuku. Ngokuba umBhalo washo, ukuthi, "Uma simbelwe kanye naYe ngombhaphathizo, futhi sabelane naYe ekufeni kwaKhe, siyokwabelana futhi ekuvukeni kanye naYe." Leso yisithembiso. NoPetru oNgcwele omkhulu, wasendulo, washo ngathi ukuba si, "Phenduke, nokuthi sibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, futhi siyokwemukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele." Lonke leliviki . . .

108 Lapha kuhlezi umalokazana wakwami, Nkosi, uLoyce omncane, elambile, futhi omile, futhi ezile ukudla, futhi elindile. Laphaya kuhlezi udadewethu ngemuva ngaleya, elambile, futhi omile, futhi ezilile, futhi elindile. O Nkosi, thumela uMoya oNgcwele manje nje ngandlela-thize, kulendlu, futhi ushaye imiphefumulo yabo ngaMandla okuvuka. Futhi kwangathi bangasukuma bame ngezinyawo zabo, eMandleni okuvuka, futhi abandakanywe noJesu Kristu ekuvukeni kwaKhe. Siphe khona, Nkosi.

109 Thethelela sonke isono. Susa konke lokho okuyiphutha, Baba, bese usipha umusa waKho, njengoba sikhuleka eGameni likaJesu Kristu.

110 Philisa bonke abagulayo nabahluphekile. Nkosi, Ulapha. UnguNkulunkulu. Wena, Uyazifakazela wena Uqobo, Nkulunkulu. Futhi sikhulekela ukuthi, siyazi imvelo yoMoya waKho, ukuthi Wenza izinto ezimbalwa wase-ke uyanyamalala kubo, waya kwenye indawo wase ungena komunye umuzi, futhi waphuma wahamba. Kodwa Washiya umaka ngemuva, ukuthi uNkulunkulu ophilayo uyaphila. Futhi ngiyakhuleka, Nkosi Jesu, ukuthi—ukuthi lokhu kube ngokuhlaba umxhwele ezinhliziyweni zabantu, ukuthi abasoze bakhohlwe ukuthi uMoya oNgcwele ukhona ukuba uphilise, nokusindisa, nokugcwalisa ngokulunga kwaKhe. Sikhuleka eGameni likaJesu. Amen.

111 Manje, bangaki lapha obezobhaphathizwa na? Ungasiphakamisa isandla sakho, osunezinto zakho esezilungele. Ungalungiselela-ke amanzi, emizuzwaneni embalwa nje.

Futhi manje sisalinde kuMoya oNgcwele, imizuzwana embalwa nje. Bangaki lapha ongakamemukeli uMoya oNgcwele kuze kube manje, futhi efisa, ekhulekisisa, emukele uMoya oNgcwele na?

Teddy, uma uthanda, noma abanye benu, opiyaneni, masinya. Sizocula amanye amahubo khona manje.

Ngenkathi, abesifazane ozolungela umbhaphathizo, yeqelani ku*leli* kamelo. Bese kuthi abesilisa neqele ku*leli* kamelo, olungiselela umbhaphathizo. Sisalungiselela, nathi, umcimbi.

112 Futhi sizobe-ke sesilindela kuMoya oNgcwele ukuba uze kithi, nokuthi usembulele izinto Ofuna sizenze.

Sizobe-ke sesicisha amalambu, ehholo elikhulu. Umfundisi uzoba semanzini phandle—phandle lapha, futhi sizobe-ke—sizoba nomgubho wokubhaphathiza.

Umzuzwana nje, ngaphambi kokuba nje ucishe amalambu, Mfowethu Evans. Ngifuna ukufunda omunye umBhalo nisalindile, okomzuzwana nje, uma nithanda. Besaqala ukulungiselela, ngithanda ukufunda omunye umBhalo lapha.

113 Bangaki okholwa ukuthi uNkulunkulu ungongenasiphelo na? Impela. Ulapha khona manje. Into kuphela ofanele uyenze, ukwemukela uMoya oNgcwele, ngukusukuma futhi uMvume. Ngani, aMandla aKhe asefakazisile ukuthi Ulapha. Singaba kanjani nethunzi elilodwa lokungabaza na? ObaKhe obubusisekileyo, uBukhona obungcwele nje bubhukudisa imiphefumulo yethu! Ngizwa kuthi angimemeze kakhulu, ngephimbo lami lonke, ngokulunga kwaKhe. "Nomusa waKhe umi phakade naphakade." Ulapha. Inhliziyo yami iyavutha, futhi igcwaliswe ngentokozo futhi iphuphuma injabulo, ngenxa yoBukhona baKhe.

114 Ngaphambi kokuba baphendule amalambu, ngifuna ukufunda eNcwadini yeZenzo, isahluko 1.

Futhi ngikholwa ukuthi wonke owesilisa, umfundisi, noma umuntu ophakathi lapha, umvangeli, noma ngabe ubani omunye, ukuthi kuzobakhona lokhu, ukuthi, uNkulunkulu ungongenasiphelo. UNkulunkulu angeke enza into ngendlela eyodwa, bese eyajika enze *lokhu*, akwenze—akwenze ngenye indlela. Ufanele akwenze ngendlela efanayo, ngaso sonke isikhathi. Akakajiki na?

Lesi kwakuyisimemezelo esaphuma sivela kuNkulunkulu.

> *Madoda akwaIsrayeli, zwanini lawamazwi; UJesu waseNazaretha, indoda efakazelwe nguNkulunkulu phakathi kwenu . . . nangezimangaliso nangezibonakaliso, uNkulunkulu azenza ngaye phakathi kwenu, njengalokhu nazi nina uqobo lwenu:*

Hlobo luni lwezibonakaliso Azenzayo, ukufakazisa ukuthi WayenguMesiya na? Ngokwazi imicabango esezinhliziyweni zabo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Okwashiwo nguPetru, "Ngezibonakaliso nezimangaliso, uNkulunkulu wafakazisa ukuthi WayenaYe."

> *Yena lo, esenikelwe ngesu elimisiweyo, ukwaziphambili kukaNkulunkulu, nambamba,* na*mbethela ngezandla ezimbi na*Mbu*lala:*
>
> *Lowo uNkulunkulu amvusa ethukulula iminjunju yokufa: lokhu kwakungenakwenzeka ukuba abanjwe yikho.*
>
> *Ngokuba uDavide* wa*thi ngaye, Ngayibona iNkosi phambi kwami njalo,. . .ingakwesokunene sami,* futhi angiyi*kunyakaziswa:*
>
> Lapho mina*, inhliziyo yami yathokoza, nolimi lwami* lwenziwa *lwajabula; ngisho . . .inyama yami iyakuphumula ngethemba:*
>
> *Ngokuba awuzu*ku*shiya umphefumulo wami ehayidese, futhi awuzu*ku*vuma ONgcwele* wakho *abone ukubola.*
>
> *Ungazisile* indlela *zokuphila; u*yaku*ngigcwalisa ngokujabula* ebusweni bami.
>
> *Madoda bazalwane, ake ngikhulume* kini *ngokusobala ngokhokho uDavide, ukuthi wafa nokuthi wembelwa, nokuthi ithuna lakhe lisekhona kithi nanamuhla.*
>
> *Ngakho lokhu engumprofethi,. . .ekwazi ukuthi uNkulunkulu wayefungile kuye ngesifungo, ukuthi enzalweni yokhalo lwakhe, ngokwenyama, uyaku—uyakubeka uKristu esihlalweni sakhe sobukhosi;*
>
> *Ebona lokhu kusephambili wakhuluma ngokuvuka kukaKristu, ukuthi umphefumulo wakhe awushiywanga ehayidese, ne*nyama yakhe ayi*bonanga ukubola.*
>
> *UJesu lo uNkulunkulu* u*mvusa,* e*si . . . ngofakazi bakho thina sonke.*

O, lokho nje kuyangixhuxhumisa! Siseyibo ofakazi baKhe. Wavuswa kwabafileyo. Uyaphila, kulobubusuku.

> *Ngakho ephakanyiselwe ngakwesokunene sikaNkulunkulu,. . .esamukele ku—kuYise isithembiso sikaMoya oNgcwele,* wa*kuthulula lokhu* eni*kubonayo nenikuzwayo.*
>
> *Ngokuba uDavide akenyukelanga . . .*ezulwini*: kepha yena* wathi *INkosi yathi eNkosini yami,* Hlala *ngakwesokunene sami,*

> Kuze ngi*beke izitha zakho zibe yisenabelo sezinyawo zakho.*
>
> *Ngakho indlu yonke yakwaIsrayeli mayazi* ngempela, *ukuthi uyena lo Jesu, e*ni*. . .mbethele, uNkulunkulu umenzile iNkosi noKristu.*

Manje, lwimi luni ayelukhuluma, okwenza ukuthi zonke lezozilwimi zezwe zimuzwe na?

> *Sebe* (abantu) *kuzwa lokhu, bahlabeka enhliziyweni yabo, bathi kuPetru na. . .banye abaphostoli, Madoda bazalwane, siyakwenzenjani na?*

Esikhashaneni esedlule, babe "hlanya," kubo. Manje, emva kwaleyontshumayelo enamandla eyayiphumela ezizweni zonke zimi lapho, "Madoda bazalwane, senzenjani na?" Nakhu-ke sekufika isithako somuthi nokusetsheniswa kwawo. Kwasekuthi i ans-. . .

> *UPetru wayesethi kubo, Phendukani, yilowo nalowo abhaphathizwe egameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwe*sono*, khona* ni*yakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.*
>
> *Ngokuba isithembiso ngesenu,. . .sabantwana benu, e*sabo *aba*kude*, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.*
>
> *Wafakaza nangamanye amazwi amaningi wabayala, wathi, Zi*sindise *kulesisizukulwane esi*ngaphambili.

Uma lelo lingesilo iVangeli elifanayo esilishumayelayo namhlanje! "Zisindiseni kulesisizukulwane esingaphambili." Izibonakaliso eziningi nezimangaliso zenziwa, uBukhona bukaJesu Kristu Ezibonisa ukuthi uyaphila. Nombhaphathizo ofanayo owayalwa khona lapha, uyalwa khona lapha epulpiti, futhi, kulobubusuku.

> *Ngakho abalemukelayo izwi lakhe ngokuthokoza babhaphathizwa: kwenezelwa* kubo *ngalowomuhla abantu kungathi izinkulungwane ezintathu.*

115 Nkulunkulu othandekayo, labo, amakamelo ami agcwele abantu bezibandakanya embhaphathizweni naWe. Ngikhuleka kuWe, Nkosi, esikhundleni sabo, ukuthi uma nje Uzothi ngomusa, Nkosi, ngalelihora, uma bephuma emanzini, kwangathi kungabakhona into eyenzeka kubo, ukuthi imiphefumulo yabo izogcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Kwangathi bangaphuma basuke emanzini, baqhubeke ukuba babonakalise Wena ngokushumayela iVangeli, befundisa uSonto sikole, bakhulume ngezilimi, behumusha izilimi, benza izibonakaliso, izimanga nezimangaliso, futhi, ngaphezu kwakho konke, uthando lukaNkulunkulu luvutha emiphefumulweni yabo, ngobumnene, nobubele, nokubekezela, nokuzithoba.

116 Nkosi, ngibanikela kuWe. Bayimiklomelo yalemvuselelo. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobagcina ekunakekeleni kwaKho. Futhi ngolunye usuku...Njengoba ngimi lapha ngikhuleka phezu kweBhayibheli laKho, emva kokuba sengishumayele okuvela kuLo, futhi ngakumemezela ngenhliziyo yami yonke engicabanga ukuthi kuyiQiniso, njengoba UzoLembula kimi.

117 Futhi, Nkosi, silinde embhaphathizweni wabo, njengoba nje sonke ezethamelini lapha silinde ukuvuka. Futhi ngolunye usuku, Nkosi, sisami ndawonye ezindaweni zaseZulwini, kwangathi kungavela inhlokomo eZulwini. Icilongo liyokhala, nabafile kuKristu bayovuka, kuqala. Kwangathi singahlwithwa kanye naYe, ukuba sihlangabeze iNkosi emoyeni, futhi sibe naYo njalo. Siphe khona, Baba.

118 Sigcine siphilile, futhi sijabule, futhi sigcwele ukushisekela. Asiceli yona imali. Asiceli zona izinto ezilula. Sicela nje ukufana noJesu. Sifuna ukubandakanywa naYe, ngohlobo loMoya owawukuYe, ubumnene, ububele, njalo sisemsebenzini kaBaba.

119 Nkosi, ehoreni lokuvalwa kwalemvuselelo, nalokhu ukubandakanywa kwabaningi babantu abaligugu, a, qhubeka nokuzibandakanya ngokuzikhomba kwaKho, ngokubapha uMoya oNgcwele. Siphe khona, Baba.

120 Busisa lelitabernakele elincane, busisa bonke abefundisi, wonke umuntu oyethamele, onke amabandla akade elapha.

121 Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzothumela imvuselelo kuwo onke amabandla emhlabeni jikelele. Futhi sizobabona behlangana nganhliziyonye nangokuzwana kunye, ukuba umusa wokuhlwithwa kaJesu Kristu ukuba unikezwe phakathi kwethu. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

122 Manje amalambu azocishwa, ehholo elikhulu, okwesikhashana. Lamaduku likhulekelwe. Futhi manje amalambu azocishwa okwesikhathi esifishane nje, futhi bese—futhi bese nithula nje. Nomfundisi uzobe ebhaphathiza, omunye emva komunye nje, size sibaqede.

123 [UMfowethu Branham nabazalwane balungisa kabusha imihlobiso yomsamo, ekulungiseleleni inkonzo yombhaphathizo—Umhl.] Manje uma wonke umuntu engabona.

124 Manje, naleyomayikhrofoni eyodwa, yehlisani leyomayikhi iyofika ekugcineni kwethange lapho. Yebo. Kulungile. [Omunye ulungisa okokumisa imayikhrofoni—Umhl.] Kubonakala kungcono. Yebo. [Umfowethu uthi, "Lokho okokuthi size siqophe kahle kakhulu."] Lena iya kwisiqophi na? ["Yebo."] Kulungile. Uyakunakekela lokho.

125 Bengifuna ukwenza lokhu, qobo lwami, kulobubusuku. Ngishisa kakhulu. NoMfowethu Neville kade ephumule, ngakho

sifuna umelusi ukuba kubekhona azokwenza ngalokhu, futhi, umfowethu onomoya omuhle kakhulu.

126 Umzuzwana nje, amalambu azophumela phandle, ehholo elikhulu, khona-ke nizokwazi ukubona, ngengilazi enkulu elenga emva kwalo, libuke phansi ngqo echibini lapho bezoza khona, ukubhaphathiza, masinya nje uma sebe wamise ngomumo.

127 Futhi njalo, uma bebhaphathiza, bazo . . . amalungu azodonsa ikhethini. Elizositha . . . kwabesifazane, lapho bengena futhi baphume emanzini. Futhi ngakho-ke bazoza, omunye emva komunye ngqo. Uzosho igama lakho, usho ukuthi ungubani, bese ubabhaphathiza eGameni likaJesu Kristu.

128 Manje, khumbulani, nje—njengomfundisi nje, onesibopho saleliVangeli elinikwe mina, ngingalincoma kunoma ubani ongakabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, futhi aphinde abhaphathizwe. Yilokho uPawulu akushoyo. Ngisho ngaleyonkathi, lapho babekade bebhaphathizwe ngendlela eyodwa, ngaphandle kweGama, wathi bayodinga ukuthi baphinde babhaphathizwe, eGameni likaJesu Kristu.

129 Wathi, "Uma iNgelosi ifika, yafundisa noma yini enye into, maYibe ngeqalekisiweyo." Lokho kutholakala kwabaseGalathiya. KwabaseGalathiya, isahluko 1, futhi ivesi 8. "Noma kungaba-yithina, noma iNgelosi evela eZulwini, eshumayela ivangeli eliphambene, mayibe ngeqalekisiweyo."

[Ikhethini lechibi lokubhaphathizela liyavulwa—Umhl.]

130 Manje, ngaphambi nje kokuba kuqale umgubho, wonke umuntu uyabona na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . wehlela emanzini okufa. Manje sijoyina abefundisi beVangeli, lapho si . . . ? . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Umngane osondelene kakhulu wami, ovela ezansi e . . . ? . . . Lelinenekazi lingumngane osondelene kakhulu ka-Oral Roberts; lona nomyeni walo . . . ? . . . elinye isosha elikhulu, omkhulu ozuza imiphefumulo kaNkulunkulu, uMfowethu Oral Roberts, omunye wabangani bami besifuba . . . ? . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Yebo.

